



IBANGA

1

INCWADI
YOMFUNDI

Platinum

Amakhono Empilo

J. Mansfield • S. Mahomed • L. Shaw • C. Gleeson-Baird

Platinum Amakhono Empilo Ibanga 1 Incwadi Yomfundi

Maskew Miller Learning (Pty) Ltd
10 Freedom Way, Milnerton, Cape Town, 7441

© Maskew Miller Learning (Pty) Ltd 2025

Wonke amalungelo agodliwe. Ayikho ingxenye yalolushicilelo efanele yenziwe kabusha, ilondwe endaweni enokutholakala kuyo lula, noma idluliselwe phambili ngolunye uhlobo noma ngenye indlela, ye-elektroniki, kusetshenziswa imishini, ngokwenza amakhophi, ngokugqoshwa, noma ngezinye izindlela, ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yalowo onamalungelo alokho okushicilelwe.

Ukuthola imvume yokushicilela noma ukusebenzisa ingxenye layencwadi, xhumana neqembu lwamaLungelo nezimvume kule nombolo 021 532 6000 noma uthumele i-imeyili ku: rightsgranting@mml.co.za . Ukubika abaphula umthetho welungelomnikazi sicela uthumele umyalezu ku: copyright@mml.co.za.

Ishicilelwe ngowezi: 2025

ISBN 978-1-779-83519-2
EPDF ISBN 978-1-834-97919-9

Umshicileli ngu: Mhlali Ndzendze
Umhleli ophethe ngu: Ru Bailey
Ihlelwe ngu: Benefit Cele
Ikhava yencwadi yahlalwa yi: MML Visual Design
Umdwebo kwikhava yencwadi ngu: MML Visual Design
Incwadi idizayinwe u: MML Visual Design
Umdwebo ngu: Chamique Johnson, MML Visual Design, Robin McBride, Raphael Njoroge, Bennie Kruger, Fungai Mudimu, Angie Bowring, Patrick Latimer, Susie Appleby, Tebatso Machaba, Ken Etberg, Ronell Lareman, Izak Vollgraaf, Danielle Albertyn, Kobus Galloway
Ukuhlelwa kokuthayipha yi: The Icon Agency
Igaywe abakwa

Ukubonga

Izithombe

Ababhali kanye nomshicileli babonga ukusetshenziswa kwalezi zithombe ezilandelayo:

p49b, sundaemorning/123RF; p49c, vystekphotographie/123RF; 76c, peopleimages12/123RF; 76d, peopleimages12/123RF; p93b, gianlucapiccin/123RF; p93e, lexmomot/123RF; p106c, newgena/123RF; p108, sdart/123RF; p110b, jangobeat/123RF; p110c, sarahdoow/123RF; p110d, sunshinseeds/123RF; p126b, digicomphoto/123RF; p126c, fvphotography/123RF; p127a, sereznii/123RF; p127b, sereznii/123RF; p127c, galsand2/123RF; p127d, poko42/123RF; p131, sdart/123RF; p133a, jat306/123RF; p133b, grynold/123RF; 133c, erstudiostok/123RF; 134a, petert/123RF; 138c, idmanjoe/123RF; 138f, photonaatoy/123RF; 138g, sergey0506/123RF; 138i, supermatos/123RF; 138m, lightkeeper/123RF; 144a, macrovector/123RF; 144c, djvstock/123RF; p170, jemastock/123RF;

Shutterstock

p13c, PEPPERSMINT; p13e, Shutterstock; p13g, Kanghophoto; p13h, Shutterstock; p13i, Shutterstock; p13j, PixelsMD Production; p16a, Evgeny Atamanenko; p16b, Vadym Lavra; p16c, ArtHeart; p16d, alazur; p16e, Kristin F. Ruhs; p22a, Marinchev Viacheslav; p22c, SAMONNOY; p24a, Mix Tape; p24b, ClassicVector; p24c, Passion-pearl; p28, jsabirova; p33a, mr.staphylococcus aureus; p33b, Dualororua; p40a, fizkes; p40b, Odua Images; p47a, Picture-Xpress; p47b, CristinaM_23; p49a, rbkomar; p49d, Lucky Business; p49e, SeventyFour; p49f, Alberto Cotilla; p58a, Roman Samborskyi; p58b, Venkatesa Perumal; p59a, wavebreakmedia; p59b, Dikushin Dmitry; p59c, megaflopp; p63b, Mr.Teerapong Kunkaeo; 63d, Mr.Teerapong Kunkaeo; p64b, Roman Chazov; p68a, fizkes; p68b, AYO Production; p68c, Ground Picture; p69, Your_universe; p70a, Tenstudio; p70b, Colorfuel Studio; p70c, Mark Skitsky; p70d, BlueRingMedia; p70e, Dualororua; p75b, Vector Club; p75c, Victor Brave; p75d, Colorfuel Studio; 76a, PeopleImages.com - Yuri A; 76b, Lucian Coman; 83e, afniandji8999; p84c, Ali_Cobanoglu; p87, Roman Chazov; p90a, Art_Volkusha; p90b, David Michael Bellis; p90c, Vortex525; p93a, Klever Level; p93c, Krysek; p93d, Reshetnikov_art; p105a, Peter Turner Photography; p106a, Africa Studio; p106b, monticello; p106e, Marcin Osman; p106f, Ryzhkov Oleksandr; p106g, Agami Photo Agency; p107a, Taras Grebinets; p107b, BurntImagesLLC; p107c, Ondrej Prosicky; p110a, Vaclav Sebek; p111b, Jakaphop Rungrot; p113b, Pisut chounyoo; p113c, Agami Photo Agency; p121a, Zoom Team; p121b, pp1; p121c, yevgeniy11; p121d, MaraZe; p121f, Clara Bastian; p121g, StockMediaSeller; p121h, yas_creative; p121k, MaraZe; p126d, Timmary; p128a, Aninka Bongers-Sutherland; p128b, Thao Lan; p128, Axel Mel; 132a, xNick; p132b, Javier Catano Gonzalez; p132c, EditheVideo; p132d, Frank Fennema; 134b, xNick; 134c, Javier Catano Gonzalez; 134d, Day Of Victory Studio; 134e, Yuri Orgunov; p136a, Piotr Piatrowski; 136b, Hyserb; 136c, anandoart; p137a-e, vector_17; p138a, iphotomile; p138b, alexgo.photography; 138d, Stokkete; 138e, Camp1994; 138h, Justin Beyerlin; 138j, Skrypnikov Dmytro; 138k, U. J. Alexander; 138l, Bannafarsai_Stock; 138n, Evannovostro; p139, Sanches11; p141, Sanches11; 144b, Black Creator 24; 144d, haraki project; p156b, Komsan Loonprom; p156c, FamVeld; 158b, David Michael Bellis; 158c, Prostock-studio; 159a, AngelaAllen; 159b, Douglas Cliff; 160a, New Africa; 160b, Vlyaks; 160c, CL Shebley; 160d, Douglas Cliff; 160e, tawanroong; p164a, Anastacia - azzzya; p164b, Rodrigorc; p166a, KK.KICKIN; p166b, SureeNah; p166c, nednapa; p167, Istomina Olena; p169, KK.KICKIN; 174a, Javier Catano Gonzalez; 174b, xNick; 174c, EditheVideo; p175a, SureeNah;
Ababhali kanye nomshicileli babonga ukusetshenziswa kwalempahla ye-copyright elandelayo:
p92, Sockeye Media LLC;

Siyakwamukela ohambweni lwethu lokufunda



Mfundi othandekayo,

Siyakwamukela kule ncwadi ethokozisayo! Uzohlangana nabalingiswa abamangalisayo; njengoba nje umlingisi ngamunye ekhethekile ngendlela yakhe, nawe unjalo!



Thabo



Tuck Shop Lady



Lily



Sahil



Tebogo



Amina



Zara



Lulama



Lina





Aiden



Khaya

Uzothola okulandelayo encwadini yakho yokufunda, okuzokusiza ukukuqondisa kuhambo lwakho olujabulisayo olugcwele ukufunda nokuvumbulula.

- **Ake siqale:** Isihloko ngasinye siqala ngolwazi olubalulekile ozofunda ngalo.
- **Isikhathi sokuhlola:** Imisebenzi ejabulisayo ekukhuthaza ukuthi uhlole imibono emisha, ufunde amaqiniso amnandi futhi uxazulule izindida.
- **Amagama amasha:** Funda amagama amasha azokusiza ukhulise ulwazimagama lwakho.
- **Ubuciko nomsebenzi wezandla:** Uma ubona lesi sinala,  isikhathi sokusebenzisa umcabango wakho sesifikile.
- **Isifundo Sokuzivocavoca:** Sekuyisikhathi sokunyakaza umzimba wakho uma ubona lesi sinala. 
- **Ake sihlole:** Ekupheleni kwesihloko ngasinye, qedela le misebenzi ukuze uziqhenye ngokuthi kungakanani okufundile.
- **Ukuhlola okusemthethweni:** Lokhu kuzohlola ukuthi ukuqondisise kahle kangakanani konke okufundisiwe ethemini yonke.

Le ncwadi izokukhuthaza ukuthi usebenze uwedwa, futhi ngamaqembu. Nizocula, nidanse futhi nifunde ndawonye. Qiniseka ukuthi ulungiselela ikilasi ngalinye futhi ubuze uthisha wakho imibuzo eminingi ngangokunokwenzeka.

Lungela ukufunda, ukudlala nokusebenzisana nabangani bakho.

Kujabulele ukufunda.

Okuqukethwe

Ithemu 1

| | |
|---|----|
| Isihloko 1 Mina | 1 |
| Imininingwane eqondene nomuntu | 2 |
| Sikhethekile futhi sihlukile | 3 |
| Izinto engikwazi ukuzenza | 4 |
| Ngifana kanjani nabangane bami? .. | 5 |
| Ngihluke kanjani kubangane bami .. | 6 |
| Ake sibheke | 7 |
| Isihloko 2 Esikoleni | 8 |
| Igama lesikole, uthisha kanye nothishanhloko | 10 |
| Zitholakala kuphi lezi zindawo ezihlukene esikoleni | 11 |
| Inqubo yegumbi lokufundela kanye nemithetho | 13 |
| Ngihamba kanjani ukuya esikoleni? | 15 |
| Ake sibheke | 17 |
| Isihloko 3 Imikhuba yempilo | 18 |
| Ukulala | 20 |
| Ukudla okunempilo | 21 |
| Ukusebenzisa indlu yangasese ngendlela efanele | 22 |
| Hlala uhlanzekile | 23 |
| Ukujwayela ukuzivocavoca kanye nokudlala | 24 |
| Ake sibheke | 25 |
| Isihloko 4 Isimo sezulu | 26 |
| Ishadi lesimo sezulu sansuku zonke | 28 |
| Isimo sezulu kanye nathi | 30 |
| Izinsuku zenkolo nezinye izinsuku ezikhethekile | 32 |
| Ake sibheke | 33 |
| Umsebenzi wokuhlola okuhleliwe: Ithemu 1 | 34 |

Ithemu 2

| | |
|---|----|
| Isihloko 5 Umndeni wami | 36 |
| Uyini umndeni | 38 |
| Amalungu omndeni | 40 |
| Ukunakekelana ekhaya | 41 |
| Ake sibheke | 43 |
| Isihloko 6 Ukuphepha ekhaya | 44 |
| Izingozi emakhaya | 46 |
| Izindlela zokuphepha ikhaya | 47 |
| Izindlela zokuphepha ekhaya | 47 |
| Phepha uma usekhaya uwedwa ... | 48 |
| Ikhadi lenombolo ephuthumayo .. | 50 |
| Ake sibheke | 51 |
| Isihloko 7 Umzimba wami | 52 |
| Amalungu omzimba ahlukene | 54 |
| Amalungu ami omzimba anyakazayo | 56 |
| Amalungu omzimba wami engingawaboni | 58 |
| Izinzwa ezinhlanu nemisebenzi yazo | 61 |
| Ake sibheke | 63 |
| Isihloko 8 Ukugcina umzimba wami uphephile | 64 |
| Izimo kanye nezindawo eziphephile nezingaphephile | 66 |
| Imizwa 'UKUNQABA' kanye 'Nokuvuma' | 68 |
| Ukuzijwayeza ukuthi 'CHA' | 69 |
| Ukuvikela imizimba yethi ezifweni | 70 |
| Ukwenza amanzi ukuthi aphephe ukuthi siwaphuze | 71 |
| Izinsuku zenkolo kanye nezinye izinsuku ezikhethekile | 72 |
| Ake sibheke | 73 |
| Umsebenzi wokuhlola okuhleliwe: Ithemu 2 | 74 |

Ithemu 3

| | |
|--|-----|
| Isihloko 9 Umphakathi wami | 76 |
| Izindawo ezisemphakathini wami . | 78 |
| Abantu emphakathini wami | 80 |
| Ukunakekela izinsiza kuhulumeni wami | 82 |
| Gcina izindawo zihlanzekile | 83 |
| Ake sibheke..... | 85 |
| Isihloko 10 Izilwane ezifuywayo | 86 |
| Izilwane esingazifuya njengezilwane ezifuywayo | 88 |
| Uzinakekela kanjani izilwane ezifuywayo ekhaya..... | 90 |
| Ukuphatha kahle izilwane..... | 93 |
| Ake sibheke..... | 95 |
| Isihloko 11 Indlela yokuziphatha nezinto okumele uzenze | 96 |
| ukubingelela abantu, esibaziyo futhi sibingelele nesingabazi..... | 98 |
| Lindela ithuba lami | 100 |
| Ukubonisa umusa | 100 |
| Ukwethembeka | 101 |
| Ukuhlonipha abanye abantu nokuthi yini okungeyabo | 102 |
| Ake sibheke..... | 103 |
| Isihloko 12 Izitshalo nezimbewu | 104 |
| Kungani sidinga izitshalo | 106 |
| Indlela izitshalo ezibukeka ngayo. | 108 |
| Izitshalo ezihlukene – ukufana nokwehluka..... | 110 |
| Imbewu nalapho ivela khona | 113 |
| Yiziphi izitshalo ezidinga ukukhula | 114 |
| Ukukhulisa isitshalo ngembewu... .. | 115 |
| Ake sibheke..... | 117 |
| Isihloko 13 Ukudla | 118 |
| Ukudla esikudlayo | 120 |
| Lapho kuvela khona ukudla okuhlukile | 121 |
| Ukudla okunempilo | 123 |
| Ukugcina ukudla | 126 |
| Izinsuku zenkolo kanye nezinye izinsuku ezikhethekile | 128 |
| Ake sibheke..... | 129 |
| Umsebenzi wokuhlola okuhleliwe: Itemu 3.. | 130 |

Ithemu 4

| | |
|---|-----|
| Isihloko 14 Amakhaya | 132 |
| Izinhlobo zamakhaya | 134 |
| Amakhaya azofanela izimo zezulu ezahlukahlukene | 136 |
| Zenziwe ngani izindlu ezehlukene. | 138 |
| Ake sibheke..... | 141 |
| Isihloko 15 Ibalazwe lezithombe | 142 |
| Ukuthola izindawo esithombeni nakumephu | 144 |
| Ukuthola indlela ukusuka kwenye indawo kuya kwenye | 146 |
| Ukuthola ukuthi kwenzekani ebalazweni lesithombe endabeni | 148 |
| Ake sibheke..... | 151 |
| Isihloko 16 Amanzi | 152 |
| Ukusetshenziswa kwamanzi ekhaya nasesikoleni | 154 |
| Izindlela amanzi amoshwa ngazo | 156 |
| Izindlela zokonga amanzi | 157 |
| Amanzi okuphuza aphephile nangaphephile | 158 |
| Ukugcina amanzi ahlanzekile | 160 |
| Ake sibheke..... | 161 |
| Isihloko 17 Isibhakabhaka ebusuku | 162 |
| Ukushintsha ukusuka osukwini kuye ebusuku..... | 164 |
| Sibukela kanjani isibhakabhaka ebusuku | 166 |
| Inyanga | 167 |
| Izinkanyezi | 169 |
| Izinsuku zenkolo kanye nezinye izinsuku ezikhethekile | 171 |
| Ake sibheke..... | 173 |
| Umsebenzi wokuhlola okuhleliwe: Itemu 4..... | 174 |
| Amagama amasha | 176 |

Isihloko 1 Mina



Ngihlukile

Isihloko 1 Mina

Ake siqale

1. Zingaki izingane ozibona esithombeni?
2. Zikhomba bani?
3. Ziyafana?



Umsebenzi 1

Sebenzani ngababili.

1. Zingaki izingane ezinezinwele ezimnyama?
2. Zingaki izingane ezigqoke okumhlophe ngaphezulu?
3. Ingane egqoke izibuko, ngabe igqoke ihembe elibomvu?
4. Iyiphi ingane kulezi engenalo izinyo noma amazinyo?

Imininingwane eqondene nomuntu

Umsebenzi 2



Igama lami ngingu-Lina. Ngihlala 10 Main Street, Kwa-Mashu. Namhlanje, ngigubha usuku lwami lokuzalwa.

Sebenzani ngamaqembu.

1. Isho ukuthi u-Lina ubukeka kanjani.
2. Uhlala kuphi u-Lina?
3. Unjani umbala wendlu ka-Lina?



Isikhathi sokubona


Dweba isithombe sakho futhi ubhale: Igama lakho, isibongo neminyaka.



Sikhethekile futhi sihlukile



Izinwele zami



Amehlo ami



Ukumamatheka kwami

Ngihlukile. Ngihlukile kumndeni wami nabangane bami.

Umsebenzi 3

Sebenza wedwa.

1. Zitshele ukuthi: Ngihlukile.
2. Qedela umusho ngamunye:
 - a) Nginezinwele ezi _____.
 - b) Nginamehlo a _____.
 - c) Ngithanda ukudlala _____.

usuku lokuzalwa – usuku owazalwa ngalo
ukuhluka – ukungafani namuntu

Amagama
amasha

Izinto engikwazi ukuzenza


Ngingenza izinto ezihlukene ezingenza ngikhetheke.

1 2 3 4



Ngingabala.

Ngazi imisindo ehlukene yezilwane.




Ngiyazazi imimo nemibala.

Umsebenzi 4

Sebenzani ngababili.

1. Ungakwazi ukunikeza lemimo nemibala yazo?



2. Dweba unxantathu oluhlaza okwesibhakabhaka.

3. Bala kusukela kokukodwa kuye eshumini.




Isikhathi sokubona

Nikeza izinto ezintathu ongazenza.

Ngifana kanjani nabangane bami?

Kunezinto okungenzeka zifane nabangane bami.



Umsebenzi 5

Sebenzani ngababili.

1. Nobabili nithanda umbala onjani?
2. Nikeza isithelo nobabili enisithandayo.
3. Uthanda muphi umdlalo?
4. Ungakwazi ukuthola oyedwa egunjini lokufundela onamehlo anombala ofana nawakho?

Ngihluke kanjani kubangane bami



Isikhathi sokubona

1. Iziphi izinto zabangane ababili abasesithombeni 1 ezifanayo?
2. Ahluke kanjani amantombazane amabili asesithombeni 2?
3. Ngabe abafana ababili bayathanda ukwenza into efanayo?

umehluko – uma izinto zingafani
ikheli – indawo lapho uhlala khona


Amagama amasha

Ake sibheke

1. Bhala igama lakho nesibongo.
2. Uneminyaka emingaki?
3. Lunini usuku lwakho lokuzalwa?
4. Bhala ukuthi uhlala kuphi.
5. Nikeza okukodwa othanda ukukwenza.
6. Dweba isithombe somngane wakho nawe.



Isihloko 2 Esikoleni



Ukuqala usuku lwethu esikoleni.

Ake siqale

Buka isithombe.

1. Yini oyibona ngaphambili esakhiweni **sesikole**?
2. Benzani **abafundi** uma befika esikoleni ekuseni?
3. Uya esikoleni ngasiphi isikhathi?



Umsebenzi 1

Sebenza wedwa.

1. Zidwebe ugqoke umfaniswano wesikole.
2. Bhala igama lesikole sakho ngaphansi kwesithombe.



Isikhathi sokubona

Yini oyithanda ngesikole sakho?

isikole – lapho umuntu eya khona ukuze afunde

umfundi – umntwana oya esikoleni

umfaniswano – izingubo ezikhethekile ezigqokwa esikoleni

Amagama amasha

Igama lesikole, uthisha kanye nothishanhloko

Umsebenzi 2



UMnu. Mpho, uthishanhloko wethu, ubingelela abafundi beBanga 1 ngosuku lwabo lokuqala esikoleni, futhi uthisha wethu, uNkz Ngcobo.

Sebenzani ngamaqembu.

1. Ubani **uthishanhloko** wesikole sakho?
2. Ubani isibongo **sikathisha**?
3. Wenzani uthishanhloko wesikole?



Isikhathi sokubona

Ngubani isibongo sikathishanhloko?

uthishanhloko – umuntu owengamele isikole

uthisha – umuntu okhethekile okusiza ukufunda izinto ezintsha

Amagama amasha

Zitholakala kuphi lezi zindawo ezihlukene esikoleni



Ibala lokudlalela



Uthishanhloko




Ihhovisi lesikole



Ibala lokudlalela



Izindlu zangasese




Igumbi lokufundela



Isikhathi sokubona



Buka imephu yesikole.



1. Bala ukuthi kuthatha amagxathu amangaki ukuya ehhovisi likathishanhloko.
2. Bala ukuthi kuthatha amagxathu amangaki ukuya endlini yangasese.
3. Bhala inani lamagxathu ukufika endaweni ngayinye.
4. Ungakwazi ukusho izindawo ezingekho esikoleni sakho?


ibalazwe – indawo ebonisa ukuthi zikuphi izindawo

igumbi lokufundela – lapho uhlala khona usebenzele khona edesikeni lakho

ibala lokudlala – ilapho uhlala khona ngekhefu lokudlala

Amagama amasha

Inqubo yegumbi lokufundela kanye nemithetho



Umsebenzi 3

Sebenzani ngababili.

Bheka izithombe ezisekhasini 13.

Qondanisa isithombe senombolo nomsebenzi.

Owokuqala sewenzelwe.

- 10 Isikhathi sokugoduka
- Nima umugqa nilandelane
- Vula isikhwama
- Isikhathi sekhefu
- Bingelela uthisha
- Gaxa isikhwama sami
- Kukhala insimbi
- Isikhathi sokudlala ebaleni
- Qala ukusebenza



Isikhathi sokubona

Ikhona imithetho egunjini lakho lokufundela?

Isho **emibili** imithetho yekilasi okudingeka uyilandele.

Amagama amasha

imithetho – umuntu noma abantu kufanele baziphathe kanjani

inqubo yafuthi – ukwenza into ngendlela efanayo nsuku zonke


Ngihamba kanjani ukuya esikoleni?




U-James noSiphiso bahamba ngezinyawo uma beya esikoleni.



U-Meiki uhamba ngebhayisikili uma eya esikoleni.



U-Hlonelwa kanye no-Buhle bahanjiswa ubaba wabo ngemoto.



U-Frances, u-Josh kanye no-Kaylee bahamba ngetekisi ukuya esikoleni.



U-Abdullah uya esikoleni ngebhasi.

Umsebenzi 4

Sebenzani ngamaqembu.

Lezi zingane zifika kanjani esikoleni?

1. U-Hlonelwa kanye no-Buhle



2. U-Abdullah



3. U-Sipho kanye no-James



4. UMeike



5. U-Frances, u-Josh no-Kaylee



Isikhathi sokubona

1. Uhamba kanjani uma uya esikoleni?
2. Zikhona ezinye izindlela izingane eziya ngazo esikoleni?

Ake sibheke

Sebenza wedwa.

Qedela umusho ngamunye.

1. Ngiya esikoleni _____.
2. Isibongo sikathishanhloko _____.
3. Isibongo sikathisha _____.
4. Ezokuthutha engizisebenzisa ukuya esikoleni _____.

Phendula: Yebo noma Cha.

1. Ngiyakwazi ukuzihambela ukuya esikoleni.
2. Ngiyazi ukuthi ibala lokudlalela likuphi.
3. Ihhovisi likathishanhloko likude kunegumbi lami lokufundela.
4. Ngabe izindlu zangasese ziseduze negumbi lami lokufundela?
5. Isikole sami sinomtapo wolwazi.



Isihloko 3 Imikhuba yempilo



Indlela yokuphila enempilo

Ake siqale

Ukuzijwayeza **okunempilo** kuwulungele umzimba wakho. Kuchaza:

Ukudla
okunempilo

Ukulala
ngokwanele
ebusuku

Ukuzivocavoca
nokudlala

Ukugcina
imizimba
yethu
ihlanzekile

Umsebenzi 1

Sebenzani ngamaqembu.

1. Buka isithombe, yikuphi okunempilo ozijwayeze khona okwenza nsuku zonke?
2. Kungani kufanele sixubhe nsuku zonke?



**Isikhathi
sokubona**


Kungani ukulala kuyinqubo enhle?

injwayelo – into oyenza nsuku zonke
indlela yokuphila – uphila kanjani

**Amagama
amasha**

Ukulala

Ukulala kubaluleke kakhulu emizimbeni yethu ngoba:



Ukuze ulale kahle, kufanele ube sembhedeni ngehora lesishiyagalombili.

Umsebenzi 2

Sebenza wedwa.

1. Dweba isithombe sakho ulele embhedeni othokomele.
2. Bhala ocabanga ukuthi kuyenzeka emzimbeni wakho uma ulele.



amagciwane – izinto ezincane eziphilayo esingakwazi ukuzibona. Awayilungele imizimba yethu kanti futhi angasigulisa.

Igama elisha

Ukudla okunempilo

Ukudla okunempilo kusiza sikhule sibe namandla.

Ukudla okunempilo kubalwa izithelo, inyama nemifino.



Umsebenzi 3

Sebenzani ngamaqembu.

1. Yakha iphosta yokudla ibonisa konke ukudla okunempilo namasnekhi owaziyo.
2. Ungadweba izithombe noma uzisike kuphephandaba noma ebhukwini uzinamathelise kuphosta.
3. Bonisa ofunda nabo iphosta yakho.



Isikhathi sokubona

Isho zonke izithelo nemifino oyaziyo.

Ukusebenzisa indlu yangasese ngendlela efanele

Uma sisekhaya noma esikoleni, kufanele sishintshane nabanye ukusebenzisa indlu yangasese. Kubalulekile ukufunda ukusebenzisa indlu yangasese ngendlela efanele.



Ngaso sonke isikhathi shiya indlu yangasese ihlanzekile.



Ungamoshi ithishu.



Hlanza izandla ngaphambi kokuba uhambe endlini yangasese.



Isikhathi sokubona


Uma indlu yangasese ingahlanzekile, yini okufanele uyenze?

Khumbula uku:

Shaya ithoyilethi uma uqeda ukulisebenzisa uvale umpompi uma uqeda ukugeza izandla

Hlala uhlanzekile

Ingxenye yokugcina imizimba yethu inempilo ukuyigcina ihlanzekile.



Umsebenzi 4

Sebenzani ngababili.

1. Ake sixoxe ngokwenzeka esithombeni ngasinye.
2. Asenze sengathi sixubha amazinyo.
3. Uzoxubha ngasiphi isikhathi?
4. Sigeza kangaki ngesonto?

Ukujwayela ukuzivocavoca kanye nokudlala

Gcina umzimba unempilo ngokuzivocavoca futhi ngokudlala nabangane.

Nazi izindlela esidlala ngazo **nesizivocavoca** ngazo:



Ukudlala imidlalo



Ukufunda izincwadi



Ubuciko

Umsebenzi 5

Sebenzani ngababili.

1. Uthanda ukuzivocavoca kanjani?
2. Uzivocavoca kangaki ngesonto?
3. Imidlalo emingaki oyidlala esikoleni?



Isikhathi sokubona

Ngabe ukubuka umabonakude ngaso sonke isikhathi kuyinjwayelo elungile?

Igama elisha

ukuzivocavoca – izinto ozenzayo ukugcina umzimba unempilo

Ake sibheke

Sebenza wedwa.

1. Dweba okunempilo ozijwayeze ukukwenza ngaphambi kokuya esikoleni.
2. Yikuphi ozijwayeza ukukwenza uma usesikoleni?
3. Uma ngigeza noma ngixubha, kufanele ngivale _____.



Isihloko 4 Isimo sezulu



1



2



3




4



Ake siqale

Buka izithombe ezintathu.

1. Ubona isimo **sezulu** esinjani esithombeni?
2. Uggoka izingubo ezinjani uma lina?
3. Uzizwa kanjani uma kushisa?
4. Uzizwa kanjani uma kubanda?



Isikhathi sokubona

Phumela ngaphandle.

1. Sinjani isimo sezulu?
2. Dweba okubonayo.






isimo sezulu – ukushisa, ukubanda, kunomoya, liyana, linenkungu noma liguqubele kangakanani ngaphandle

Igama elisha

Ishadi lesimo sezulu sansuku zonke

Umsebenzi 1

 **Ishadi lesimo sezulu** 

| | | | |
|--|--|---|--|
|  Libalele |  Liyana |  Liguqubele |  Isiphepho |
|  Linomoya |  Ifu lothingo |  Likhithikile |  Kunenkungu |

Sebenza wedwa.

1. Buka ishadi lesimo sezulu, chaza isimo sezulu osibonayo.
2. Dweba ishadi lakho lesimo sezulu eliveza ilanga, imvula, umoya kanye namafu.





Isikhathi sokubona



Ake sidlale umdlalo wokugwedla.
Nima umugqa nincintisane nomngane wakho.
Esikhundleni sokugijima, nizogxuma gxuma nize niqede.
Ogxuma kakhulu uyena umanqoba!



Isimo sezulu kanye nathi

Amaholide asebusika ka-Yusairah

U-Yusairah uthokozile. U-Yusairah uzovakasha e-Drakensburg okokuqala uzodlala ngesichotho nomama nobhuti wakhe, u-Tameem.

Esikhwameni sakhe, ufake amagilavu, ijakhethi ephinki, amasokisi afudumele namabhuzu afudumele.

Emva kokushayela isikhathi eside, bafika ezintabeni ezilele isichotho zase-Drakensberg. Umama wapaka imoto u-Yusairah no-Tameem baphuthuma baphuma. U-Yusairah wabamba isichotho wamemeza ethukile, “Hhawu, isichotho siyabanda! Buka mama, simanzisa amaglavu ami!”



Umsebenzi 2

Lalela indaba yamaholide asebusika ka-Yusairah futhi uphendule imibuzo

Sebenzani ngababili.

1. Tshela umngane wakho yini othanda ukuyidla nofisa ukuyiphuza uma kubanda.
2. Yisho izimpahla ozigqoka uma kubanda.



Isikhathi sokubona

Asakhe isigqoko seqhwa. Uthisha wakho uzokusiza.

Uzodinga:

- iphepha
- uvolo
- iphrithi
- amakhilayoni.



Isigqoko seqhwa esakhiwe ngephepha kanye novolo

Izinsuku zenkolo nezinye izinsuku ezikhethekile

Tameem, kungani ungasidli isidlo sasemini namhlanje?

Ngizile ukudla namhlanje, Mpho.



Yini ukuzila ukudla?

Uyabona-ke, ngokwenkolo yami sizila ukudla ngeRamadani. Asidli emini.

Kuhle ukwazi lokhu. Udla nini futhi?



Ngiyabonga ngokungifundisa ukuzila ukudla Tameem!

Sidla uma sekushone ilanga.



Isikhathi sokubona

1. Nikeza inkolo eyodwa kule ndaba?
2. Zikhona ezinye izinkolo ozaziyo?

Ake sibheke

Siza u-Thando aphole

Sebenzani ngababili.







U-Thando uyashiselwa. Udinga ukuzipholisa.

Siza u-Thando athole u-ayisikhilimu.

Khotha u-ayisikhilimu.

Khomba u-Thando.

U-Thando ufisa ukuya ku-ayisikhilimu, landela umcibisholo ngomunwe wakho okubeka ku-ayisikhilimu.

| | | |
|--|---|---|
|  Qeda |  |  |
|  Qala |  |  |



Umsebenzi wokuhlola okuhleliwe: Ithemu 1


Umbuzo 1

1. Dweba isithombe sakho.
2. Phendula le mibuzo.
 - a. Ungubani igama lakho?
 - b. Ubani isibongo sakho?
 - c. Uneminyaka emingaki?
 - d. Uhlala kuphi?
 - e. Lunini usuku lwakho lokuzalwa?
 - f. Khetha umbala wakho owuthandayo:
 - g. Unjani umbala wamehlo akho?



Umbuzo 2

1. Zidwebe ugqoke umfaniswano wesikole futhi uphendule le mibuzo.
 - a. Bhala igama lesikole sakho.
 - b. Bhala isibongo sikathisha wakho.
 - c. Ubani isibongo sikathishanhloko wesikole sakho?



Umbuzo 3

1. Bhala isithelo esisodwa nesiphuzo esinempilo.
2. Xoxa ukuthi izandla zakho kufanele uzihlanze kanjani.



Umbuzo 4

1. Dweba izinto ezintathu ongazidla noma ongaziphuza ukuze ufudumale.
2. Bhala phansi ebhukwini lakho lokubhalela izingubo ongazigqoka uma kumakhaza.



Isihloko 5 Umndeni wami

